

ZULU

BUDGET 2012

Umkhombundlela
woluntu



national treasury

Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Issued by National Treasury, Private Bag X115, Pretoria, 0001.
Enquiries: Communications, Tel: (012) 315 5757, www.treasury.gov.za

Njalo ngoNhlanja, uNgqongqoshe wezeZimali wethula izinhlelo zeminyaka emithathu elandelanayo zesabelo sezimali, ukuqoqwa kwentela kanye nokwebolekwa kwemali ezimakethe zezimali kuleli napheseya kwezil-wandle. Ungqongqoshe uphinde achaze indlela okuhloswe ngayo ukusetshenziswa kwemali eyabelwe iminyango kahulumeni wesizwe, ohulumeni bezifundazwe kanye namantshontsho atholwa ohulumeni basekhaya.



**LIBE UMTHOMBO
WOLWAZI?
LELIPHEPHA KUWE**

SMS Yebo noma Cha ku 44112

i-SMS ngayinie ibiza 50c

Picture by Government Communication and Information System (GCIS)

UKWAKHIWA KWENGQALASIZINDA EZOTHUTHUKISA UMNOTHO, IPHUCULE NEZIMPILO ZABANTU

UMkhankaso kaHulumeni wokutshala imali kwizingqalasizinda ugxile ekwenzeni ngcono inhlalonhle ngokwemisebenzi kanye nempiro jikelele. Ukwakhiwa kwengqalasizinda efana nogesi, amanzi, ezokuthutha, ezokuxhumana ngezingcingo, izibhedlela kanye nezindawo zokuhlala kuzothuthukisa amabhizinisi kubuye kukhuphule izinga lokuphila kubantu bonke.

Ukutshalwa kwezimali uHulumeni kuzokwehlisa kakhulu izinga lokubambeka kwezinsiza ekufanele zinkwezwe abantu, kanti kuzosiza nokumelana nokwanda kwezidingo njengoba ukukhula komnotho kushintsha nendlela yokuphila. Kuleminyaka emithathu ezayo, uHulumeni uhlela ukwakha imigwaqa, izibhedlela, izikole, amadamu, iziteshi zikagesi, amachweba, ojantshi kanye nakho konke okupathelene nokuthuthwa kwabantu nempahlha ngezitimela. Konke lokhu kulindeleke ukuba kudle izigidigidi ezingu-R844.5 billion kuleminyaka

emithathu ezayo.

abantu badinga ezokuthutha zomphakathi eziphephile, ezethembekile futhi ezithokomele ukuze baye emisebenzini, ezikolweni kanye nanoma ikuphi lapho bedinga ukuya khona. INingizimu Afrika idinga ukwenza ngcono izitimela zokuthutha umphakathi ukuze uhumbo lwasitimela lusheshe, luphephe, futhi lube olwentengo ephansi. Izitimela ezindala zakwaMetrorail kufanele zishintshwe kubuye kwandiswe nenani lazo ukuze kumelwane nokwanda kwezihambi. Ngokunjalo inkampani yakwaPRASA, eyengamele uMetrorail, izotshala izigidigidi ezingu-R80 billion kuleminyaka engamashumi amabili (20) ezayo ukuze kuthengwe izitimela ezintsha kubuye kuthuthukiswe iziteshi ezweni lonke.

Eminyakeni emithathu ezayo, uHulumeni uzogixabeza iPRASA ngezigidigidi ezingu-R4 billion ezizosetshenziswa ukuthenga izinqola zezitimela ezingu-233. Ukuthuthukisa ukuphepha kwezitimela, uHulumeni uzophinde futhi engeze

ngamarandi angu-R1 billion ukuze kwenziwe ngcono amasignalni okuhlela ukuhamba kwezitimela kanye namadeph. Loluhlelo lokwenza ngcono izitimela kulindeleke ukuba lwenze uhumbo lwabagibeli abangu-2.4 million ngosuku lunethezeke futhi luphephe. Ngaphezu kwalokhu, amabhasi asheshayo (aziwa kakhulu ngokuthi iBRT), aqale ukusebenza ngonyaka ka2010 emadolobheni amakhulu anjengeGoli neKapa, azoqhubeke andiswe nakwamanye amadolobha.

Ukuqinisekisa ukuthi umphakathi wasaNingizimu neAfrika uthola usizo lwezempiro olusezingeni eliphakeme, izibhedlela zizothuthukiswa futhi zandiswe. Ukuthuthukiswa kwezibhedlela kuzokwandulela ukwethulwa komshwalense wezempiro kazwelone. UHulumeni usebeke nganxanye izigidi ezingu-R450 million ukuthuthukisa amakolishi angamashumi amathathu okuqequesha abahlengikazi. Izigidi ezingu-R426 million zizosetshenziswa ukuphucula izibhedlela ezinhlanu ezinkulu,

okuyi Chris Hani Baragwanath, King Edward, George Mukhari, Limpopo kanye ne-Nelson Mandela Academic.


UHulumeni uzinikele ukuphucula impilo yezakhamuzi zaseNingizimu Afrika, ngokunjalo-ke ukwakhela labo abahola kancane izindlu kuphambili ezinhlelweni zikaHulumeni. Kodwa-ke, ukwanda kwemijondolo kuyinkomba yobunzima bokumelana nezidingo zezindlu zabahola kancane emadolobheni. Iningi imali eyabelwe ukubhekana nokwenyusa inani lezindlu ezakhiwa uHulumeni.

Kuleminyaka emithathu ezayo kulindeleke ukuthi isabelo sezindlu kanye nenhalakahle yomphakathi sibe izigidigidi ezingu-R9.9 billion. Kulelinani:

- R3.9 billion wokuphucula imijondolo
- R1.8 billion yabelwa omasipala ukuthuthukisa ingqalasizinda yamanzii.

Lolutshalo zimali luzosiza ukufeza izinhloso zikaHulumeni zokwakha iNingizimu Afrika lapho abantu besebenza futhi bahlale ezindaweni ezisezingeni eliphakeme.

IMALINI EZOSETSHENZISWA?



UKWENYUSWA KWEZINGA LEMPIO YABO BONKE ABASENINGIZIMU AFRIKA

Ngokuhamba kwsikhathi, uHulumeni uhloose ukukhulisa umnotho wezwe ukuze bonke labo abafuna ukusebenza bawathole amathuba. Kodwa-ke lokhu kuzothatha isikhathi ngenxa yomlando walelizwe. Ngakho-ke kuzomele sizame ukusiza ngokushesa izigidi zabahlali abangaholi mali, noma labo abalengela eweni lobuphofu.

Ukwehlisa izinga lobuphofu kuphambili ezinhlelweni zikaHulumeni. Izinhlelo zezenhlakahle yizona eziqondene ngqo nokulwa nobubha. Kulonyaka ka-2012/13, isamba esingu-R104.9 billion sabelwa isikhwama sokuthuthukiswa kwenzehnlalakahle. Lesisamba sizonyuka siye ku-R122 billion ngonyaka ka-2014/15. Inani lalabo abathola uxhaso lukaHulumeni kulindeleke ukuba lenyuke lisuke ku-15.6 million kulonyaka ka-2011/12, liye ku-16.1 million ngonyaka ka 2012/13, kanti libe ngu-16.8 million ngonyaka ka-2014/15.

Umyango wokuthuthukiswa kwezenhlalakahle uzkwengezelwa isabelo sawo seminyaka emithathu ezayo ngesamba esingu-R1.4 billion, okuqondwe ngaso ukwandisa amathuba entuthuko ezinganeni, kwandiswe inani lezingane ezihlomula kuloluhlelo lisuke ku-500 000 liye ku-580 000. Lomhlomulo uzubuye welekelele ukwenyusa

inhhlakahle kanye nokuphepha kwezingane emakhaya nasemphakathini. Kulindeleke ukuthi abantwana kanye nabanye abantu abasha abalinganiselwa ku-858 000 bahlomule kuloluhlelo lokuphepha olwaziwa ngokuthi Isibindi. Loluhlelo kulindeleke ukuthi luvule amathuba emisebenzi yabantu abasha abalelw ku-10 000.

Isabelo sezempilo sizokwengenzwa ngo-R2.8 billion kuleminyaka emithathu ezayo. Lesisamba sizokwahlukanisa kanje:

- Umshwalense wezempilo kazwelone uzothola u-R1 billion kuleminyaka emithathu ezayo, okuyimali ezosetshenziswa ukuhlolola izindlela ezintsha zokusebenza ezibhedlela kanye nokwenyuka kwenani leziguli emtholampilo;
- U-R450 million wabelwe ukuthuthukisa amakolishi abahlengikazi;
- Kanti u-R426 million wona uzovuselela izibhedlela.

Ngaphezulu kwalokhu, u-R968 million uzosetshenziswa ukwandisa inani lalabo abathola imishanguzo yesandulela nculazi kubantu amasosha abo omzimba (CD4) abalelw ku-350. Lokhu kuzonyusa inani labathola lemishanguzo, lisuke ku-1.5 million ngonyaka owedlule lifinyelele ku-3 million ngo-2014/15.

IMFUNDI IVULA AMATHUBA OKUPHUMA EBUBHENI KANYE NAWEMISEBENZI

Uhulumeni uhlomulisa ezemfundo ngaphezu kwazo zonke ezinye izinhlelo zakhe. Isabelo sezimali salonyaka seseka ukuthuthukiswa kwezinga lemfundo kuyo yonke imikhakha, siphinde futhi seseke ukwandisa kwabantu abanamakhono emisebenzi.

Isabelo sezimali salonyaka seseka ukuthuthukiswa kwezinga kuyo yonke imikhakha yezemfundo, amakhono kanye namaciko kuleminyaka emithathu ezayo.

- Isikhwama sokuxhasa abafundi emanyuvesi nasemakolishi (NSFAS) sizokwandelwa ngo-R17.1 billion ukwandisa amathuba okungena enyunesi nasemakolishi kubafundi abaphuma emakhaya antulayo
- UHulumeni uzobuye anikezela ngo-R850 million ukuphucula ingqalasizinda emanyunesi, ikakhulukazi izindawo zokuhlala abafundi

Uhulumeni uhlala ukwenyusa inani labafundi ababhalisela

ukufunda emanyunesi, lisuke ku-866 000 kunyaka ka-2011/12 liye ku-962 000 ngo-2014/15. Inani labafundi basemakolishi lona lenyuswe, lisuke ku-211 000 liye ku-247 000. Kwezemfundo nokuqeleshwa kwabadala, inani labafundi kulindeleke ukuba lenyuke lisuke ku-215 000 ngo-2011/12 liye ku-300 000 ngo-2014/15.

Ukwenza ngcono izinga lokufunda, ukubhala, kanye nokubala, umnyango wezemfundo kazwelone uzohlomula ngo-R235 million ukuze abafundi bebanga lika 9 nabo bahlolwe, bese futhi kwenziwa ngcono ukuhlolwa kabafundi bamabanga ka-3 no-6. Kulonyaka bonke othisha nabafundi bamabanga 1-9 bazothola izincwadi zokufunda, ezokubhala, kanye nokubala.

Noma uHulumeni elibamba elakhe iqhaza kwezemfundo, masikugcizelele ukuthi imfundo ingumthwalo wethu sonke. Othisha, abazali, abafundi, imiphakathi kanye nosomabhizinisi, bonke baneqhaza abangalibamba.

AMAZWIBELA NGESABELO 2012

AMAZWIBELA ESABELO SEMINYAKA EMITHATHU ELANDELAYO:

1 ISENGEZELELO ESABELWENI SEZINHLELO ZEMINYAKA EMITHATHU EZAYO

- R9.5 billion wokwethuthukisa amandla omnotho
- R6.2 billion wokudala amathuba emisebenzi
- R3 billion wokwandisa uxhaso lwabafundi abasezikoleni lapho kungabhadalwa amafees kanye nokwandisa kwamathuba ezingane ebangeni likaGrade R
- R1 billion ozokwandlela ukusungulwa kwsikhwama somshwalense wezempilo kazwelone
- R1.4 billion wokuthuthukisa impilo yojahidada
- R4 billion wokuthenga izinqola ezintsha zezitimela ezithwala abantu
- R1 billion wokuphucula amasignal ali ahlela ukuhamba kwezitimela kanye nezindawo lapho zipaka khona
- R4.7 billion ozosetshenziswa abakwa-Eskom ukufaka izishisisa manzi ezisebenza ngelanga (solar)
- R3.9 billion wokuphucula imijondolo
- R1.8 billion yabelwa omasipala ukuthuthukisa ingqalasizinda yamanzi

2 EZENTELA

- Abakhokhi bentela bazohlomula ngo R9.5 billion;
- Kuzokhuthazwa ukonga;
- Uguquko ekuboneeleni ngokwentela labo abakhokhela imedical aid nempesheni;
- Bazobhekelwa osomabhizinisi abancane;
- Intel ebanjwa emihlomulweni yalabo abanamasheya ezinkampanini izokhuphuka iye ku-15 per cent;
- Izokwenyuka icapital gains tax;
- Iphakethe likasikilidi elinamashumi amabili lizonyuka ngo-58 cents;
- Intengo yebhodlela likagologo elingu 750ml izokwenyuka ngo-R6;
- Intengo yekani likabhiya elingu-340ml izokwenyuka ngo-9 cents, eleCider ngo-8.84 cents;
- Intengo yewayini inyuka ngo-18 cents ilitha;
- Intel kaphethilomu izonyuka ngo-20 cents, eyesikhwama se Road Accident Fund ngo-8 cents;
- Intel kagesi izonyuka ngesenti eliodwa.

3 IMALI YEZENHLALAKAHLE

	2011/12	2012/13
Eyempesheni	1 140	1 200
Eyempesheni yabaminyaka ingaphezu kuka-75	1 160	1 220
Eyamasosha asemnkants' ubomvu	1 160	1 220
Eyabakhubazekile	1 140	1 200
Eyezintandane	740	770
Eyabadinga ukunakelelw	1 140	1 200
Eyokondla izingane*	265	280

*R265 average value for 2011/12.

LIBE UMTHOMBO WOLWAZI? LELIPHEPHA KUWE

SMS Yebo noma Cha ku 44112

i-SMS
ngayinye
ibiza 50c